PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

IBA NEZWI

Umthethosivivinywana Wokuchibiyelwa Kwemithetho Yezokhetho [B 24 – 2026]

ISIMEMO SEZETHULO ZOMPHAKATHI KANYE NEMIBONO

IKomidi Elibhekele Izindaba ZaseKhaya limema abathintekayo, abanentshisekelo, kanye nezinhlangano ukuthi bathumele imibono ebhaliwe mayelana no**Mthethosivivinywa Wokuchibiyela IKhomishini Yekhetho [B 24 – 2026].**

Inhloso yoMthethosivivinywa ukuchibiyela:

- uMthetho Wekhomishini Yezokhetho, ka-1996, ukuze kuhlinzekelwe ukusulwa okuyimpoqo ekubhalisweni kwamaqembu angamelwe ehluleka ukuvuselela ukubhaliswa kwawo minyaka yonke; kufakwe umbandela ophathelene nokufaneleka kwamaqembu abhalisiwe ukuba angenele ukhetho; kanye nokuchitshiyelwa kokwakheka kweNkantolo Yezokhetho.
- uMthetho Wezokhetho, ka-1998, ukuze kuchitshiyelwe izincazelo ezithile; kususwe imbandela ethile; kuchitshiyelwe izinhlinzeko ezihlinzeka ngezidingo zokufaneleka zokufaka isicelo sokubhaliswa njengomvoti; kukhawulelwe ukuphikisana nokubhaliswa ohlwini lwabavoti oluhlanganiswe okwesikhashana kuphela; kanye nokucacisa igunya leKhomishini ekuthatheni izinqumo mayelana nokuphikisana nalokhu;
- uMthetho Wezokhetho LukaHulumeni Basekhaya: Ukhetho Lomasipala, ka-2000, ukuze kuchitshiyelwe incazelo; futhi kuchitshiyelwe umbandela ophathelene nokufaneleka kwamaqembu abhalisiwe ukuba angenele ukhetho, kanye nokuhlinzekela izindaba ezihambisana nalokho.

Usuku lokugcina lokuthumela izethulo ngumhla **30 kuLwezi wezi–2026 ngo–16:00.** Ikhophi yoMthethosivivinywa ingacelwa kuNobhala weKomidi kule minininingwane yokuxhumana engezansi noma kule webhulinki Parliament.gov.za

Izethulo kumele zithunyelwe kuNobhala weKomidi, uMnu Eddy Mathonsi, kule imeyili.: **Electoralcommisionbill@parliament.gov.za.** Uyatholakala ku 083 709 8523.

Ikhishwe nguMhlonishwa MS Chabane, iLungu LePhalamende (MP), uSihlalo weKomidi Elibhekele Izindaba ZaseKhaya.

IPhalamende – Ukulandelela izibopho zethu Kubantu- Ukwenza ikusasa lakho lisebenze kangcono